

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA  
UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULA  
IBHULOHO LOMFULA IWELA MHLAKA 08 JANUARY 2011.**

Mphathi wohlelo;

Amalungu eSishayamthetho Akhona;

Amakhosi aseNdunkulu;

Imeya yoMkhandlu;

Amakhansela;

Izinduna;

Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhlako yoMnyango uHlabisa;

Amalungu ezinhloko esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;

Abezindaba;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha oLundi sizokuthi halala ngentuthuko yemigwaqo namabhuloho eqhubekayo kule ngxenye yesifundazwe.

Ngithi sesiphinde sathola ithuba nje, yingoba phela akukapheli zinyanga ezingaki njengoba ngo-October ngenyanga yezokuthutha besikhona lapha oLundi sizovula ama-*project* emigwaqo emithathu laphaya eNkonjeni. Siphinde sabuya futhi ngo-December sazovula isigaba sokuqala somgwaqo u-P487 KwaCeza nakuba mina ngangimelwe uzakwethu uDinangwe obengibambele ngaleso sikhathi. Muva nje ngenyanga edlule besikhona laphaya oSuthu, nakhona okuyindawo engaphansi kwe-Cost Centre yasoLundi nakuba kukwaNongoma, siyovula amabhuloho amabili.

Njengoba ngichaza kanjena nje ngizama ukuvezela labo okungenzeka ukuthi benza lokhu esithi ngesiNgisi *'they sleep through revolution'*, okusho kuthi kungenzeka bangaboni ukuthi kwenzekani oLundi naKwaNongoma naseZululand yonkana uma kukhulunywa ngemigwaqo nokushintsha kwezimpilo zabantu.

Phela thina yinto esiyaziyo ukuthi uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu balesi sifundazwe.

Siyazi futhi ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Yingakho nje emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi isifundazwe saKwaZulu-Natal sesinoHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Lokhu kushiwo kakhulukazi ngabantu asebekhulile asebake babona ohulumeni abaningi bobandlululo befika bedlula eNingizimu Afrika, bathi kodwa bayaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi babone izimpilo zabantu ziba ngcono ngalolu hlobo.

Umgwaqo nebholoho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Ofakazi balokho yinina lapha esenike nabona lukhulu ngenxa yokungabi nebhriji. Kuyadabukisa nje futhi kuyihlazo ukuthi abantu bakithi kwesinye isikhathi baqala ngokubona izigameko ezinyantisa umzimba zokumuka kwabantu emfuleni ngaphambi kokuthi babe nebholoho.

Sonke siyasazi isigameko sokufa kwabantu ababegibele evenini eyamuka emfuleni iWela ngezikhukhula zikaDecember 2006. Umfula wawugcwele udla izindwane kungasabonakali nebholohwana elincane eliyizibuko lapho kwakuwela khona imoto.

Kodwa ngizwile futhi ukuthi ngonyaka ka-2008 kwafika uNdosi lapha eMahlabathini ezoxoxisana nomphakathi mayelana nobugebengu obabuphazamisa umsebenzi wokwakha umgwaqo uP700. Umphakathi wasebenzisa lelo thuba ukuxoxa ngezindaba zentuthuko endaweni wase uveza indaba yaleli bhriji.

Nalapho sisasho sithi njengoHulumeni ngaphansi kubuholi bukaMsholozzi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni, siyaziqhenya ngani ngokusebenzisana noHulumeni ukwenza izimpilo zenu ukuthi zibe ngcono. Namhlanje seniyakwazi ukuya emsebenzini, ezikoleni, ezitolo, emitholampilo noma nivakashele izihlobo nabangani.

Thina singuHulumeni ozimisele ngokushintsha izimpilo zabantu. Esikucela kinina ukuthi nisibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Ningakhohlwa ngokuthi isifundazwe sethu sikhulu kanti sinezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda. Ngakho-ke uma singakafiki kuwena kumele wazi ukuthi yingoba sisabambeke kwenye indawo nayo efana neyakho.

Kuyiqiniso futhi ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Kodwa okungenani eminyakeni eyisithupha nje, njengoba bengishilo

ekuqaleni, abantu bakithi sebephumela obala basho ukuthi sebeyalubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uHulumeni wentando yeningi.

Njengoba bengiqale ngokuveza ukuthi lapha endaweni yasoLundi sesibone kaningi ukuthuthukiswa kwemigwaqo nosekwenze ngcono impilo kule ndawo. Imiphakathi eminingi endaweni yasoLundi manje ijabulela ukufinyelela ezindaweni lapho abantu abahlala emadolobheni nasemalokishini bekuthatha kalula nje.

Sesiwabonile namathuba emisebenzi eya ngokwanda kulezo zindawo okwenziwa khona imisebenzi yengqala-sizinda yomgwaqo. Osonkontileka baku-Stage 1 lapha endaweni yas'Olundi sebehlomule kakhulu baze bafinyelela ekutheni babe ngosonkontileka bezinkampani ezinkulu nokuyinto esizigqajayo ngayo ukuthi niwathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni enamkhethayo.

Kuleli bhuloho laseWela esilivula namhlanje sifake isamba semali esingu-R7 million. Leli bhuloho liqale ukwakhiwa ngo-October ka-2008 laphothulwa ngoSeptember ka-2009. Angaphezulu kuka-200 amathuba emisebenzi adalekile kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Leli bhriji lisiza imindeni engaphezulu kuka-200 endaweni esebenzisa izikhungo zomphakathi okubalwa iWela Primary, iBhekifa High, Mahlabathini Police Station neWela Clinic. Ukwakhiwa sekunciphise nebanga lokuya emayini Okhukhu naseCengeni Game Park. Sekuzofinyeleleka kalula nasemagwaqeni oya eMpangeni u-P700.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba kade echaza omele ihhovisi le-IEC ukuthi sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinsalelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki. SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko.

Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko. Ngakho-ke masihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nabo bonke obunye ubugebengu.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**